RI 2

Isihloko sesifundo: UJesu uthuma abaPhostoli bese enyukela kuYise

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: UJesu uthuma abaPhostoli bese enyukela kuYise.

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Isenzo
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). Qaphela: 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesiQinisiso 2. 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Isenzo
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. *Isibonelo*: Hlala phansi ecansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To….)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesiQinisiso -2 nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha.

Isifundo

Isihloko	UJesu uthuma abaPhostoli bese enyukela kuYise.
Umbhalo weBhayibheli	UMathewu 28: 19-20; Izenzo 1: 4-11 1 Thesalonika 4: 13-18
Inhloso yesifundo	Izingane zifunda ukuthi abaPhostoli bakaJesu basilungiselela ukubuya kukaKristu

Isifundo esifingqiwe:

- Emva kokuba uJesu evusiwe kwabafileyo, WAYEPHILA kuze kube phakade.
- Emva kokuvuka kwaKhe kwabafileyo, uJesu wachitha izinsuku ezingama-40 enabafundi baKhe futhi ngalesi sikhathi wabanika umsebenzi omusha.

• UJesu wathi: “Hambani nenze izizwe zonke abafundi (okusho bonke abantu), nibabhapathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele (uNkulunkulu oziqu ezintathu emunye) futhi nibafundise ukugcina (okusho ukulalela niphinde nenze) konke enginiyale ngakho. ” NgokukaMathewu 28: 19-20.
• UJesu wayefuna baphume baye ezweni bayotshela abantu ngoJesu.
• Lomsebenzi wokuthunywa MKHULU KAKHULU, siwubiza ngokuthi Igunya elikhulu lokuthunywa!
• Lokhu kusewumsebenzi wethu ngisho nanamuhla.
• Emva kwezinsuku ezingama-40, uJesu wahola abafundi baKhe ngaphandle komuzi eBhethaniya, waphakamisa izandla zaKhe, wababusisa. Ngenkathi uJesu ebabusisa, wasuswa kubo wanyuselwa ezulwini.
• Abafundi bonke babebuke ngokumangala begqolozele phezulu lapho uJesu enyamalala emafwini.
• Kwafika izingelosi ezimbili zema phambi kwabo. Zabatshela zathi: “Madoda aseGalile, nimeleni nibheka ezulwini na? UJesu lo, osuswe kini enyuselwa ezulwini, uyakuza kanjalo, njengalokhu nimbonile eya ezulwini.” Izenzo 1:11.
• Lapho bezwa ukuthi uJesu uzobuya, abafundi bajabula kakhulu.
• UJesu wathembisa nokuthi bazokwamukeliswa amandla, lapho uMoya oNgcwele esefikile phezu kwabo, nokuthi uJesu uzoba nabo kuze kube sekupheleni kwesikhathi. Izenzo 1:8.
• Abafundi kwadingeka babuyele eJerusalema ukuyolinda khona kuze kuthululwe uMoya oNgcwele phezu kwabo.

UJesu uthuma abaPhostoli futhi unyukela kuYise

Ingabe bawufeza kanjani lomsebenzi omkhulu wokuthunywa, abaPhostoli namhlanje na?

EBandleni eLisha lobuPhostoli, abaPhostoli bafeza lomsebenzi ngo/ku:
• Shumayela ivangeli likaJesu Kristu,
• Bhapathiza ngamanzi (iSakramente loMbhapathizo oNgcwele),
• Memezela/ kwaziswa ukuthethelelwa kwezono,
• Kwabelana iSidlo seNkosi esiNgcwele (iSakramente yeSidlo),
• Kwabelana ngesipho sikaMoya oNgcwele (iSakramente yoGcobo lukaMoya),
• Gcoba nokugunyazisa izinceku,
• Memezela / kwaziswa ngokufa kukaKristu, ukuvuka kwaKhe ekufeni, nangokubuya kwaKhe,
• Kuqoqa abolibo okungukuthi abayizithelo zokuqala (abathembekile, labo abalalela imiyalo kaNkulunkulu) futhi bezilungiselela ukuba nobudlelwano baphakade noNkulunkulu ekubuyeni kukaKristu.

Ukwenyuswa kwethu - ukuguqulwa kwesimo sethu:

● Lapho iNkosi uJesu ibuya, nathi siyobona ukwenyuselwa kwethu ezulwini, okusho ukuguqulwa kwesimo sethu.
● Ku-1 KwabaseThesalonika 4: 13-18, siyabona ukuthi ngosuku lokubuya kukaJesu, icilongo likaNkulunkulu lizokhala, bese kuthi-ke, uJesu uqobo uzokwehla evela ezulwini.
● Labo abashonile bekholwa kuNkulunkulu, bayovuka kuqala ekufeni baphile, banyuselwe emafwini. Khona lapho, labo abaphilayo emhlabeni, futhi bakholwa kuNkulunkulu, bayohlwithwa banyuselwe emafwini kanye nabo, ukuze bahlangane noJesu emoyeni. Lokhu kuzokwenzeka ngokuphazima kweso. Khona-ke siyohlala njalo sikanye neNkosi.
● Kuyinduduzo kithina, ukukwazi lokhu ukuba sibe neNkosi phakade, kanye nokuphinde sibone abathandiweyo bethu bangaphesheya ngosuku lokubuya kukaKristu.

Ingabe sisho ukuthini lesifundo kithina namhlanje-na?

● Kufanele sitshele abanye (abangane, umndeni njl. njl.) ngoJesu, nangezinto Yena asenzele zona. ● Kufanele sikholelwe kuNkulunkulu, futhi sithobele imiyalo kanye nezimfundiso Zakhe, ukuze thina singene eMbusweni waKhe ekubuyeni kukaKristu. Masikhumbule ngaso sonke isikhathi, ukuthi siphila ngomusa kaNkulunkulu nokuthi, ngokusebenzisa izipho Yena asinike zona, siyakwazi ukubona izithelo zika Moya oNgcwele ezimpilweni zethu. Masiphile izimpilo zethu ngendlela yokuthi, iNkosi uJesu ingafika nganoma yiluphi usuku, ukuze sifunyanwe sifanelekile ukungena eMbusweni waKhe ekubuyeni kwaKhe, futhi siphile naYe ingunaphakade.

Yenza umsebenzi wokufunda 1, 2 no-3 nengane yakho bese uphendula imibuzo.

Izimpendulo zomsebenzi wokufunda 3: *(1 KwabaseThesalonika 4)*

Ivesi 14 – Abasenhlalweni yabalele bazoyibona kuqala iNkosi ngaphambi kokuba siyibone. Amavesi 15-16 - Okokuqala, abantwana abakholwayo bakaNkulunkulu abavela ezinhlalweni zabalele bayovuswa. Amavesi 17-18 - Ngemuva kwalokho, abantwana abakholwayo bakaNkulunkulu abasaphila emhlabeni bazohlwithwa kanye nabolibo banyuswelwe kuJesu.

Eminye yemibuzo esingayibuza:

1. Ngokwesifundo sethu, kukuphi eBhayibhelini lapho kulotshwe khona ngokugunyazwa okukhulu nokuthunywa kwabaPhostoli nguJesu na? Impendulo: Mathewu 28: 19-20 2. Mangaki amadoda abonakala kubafundi ngemuva kokuba uJesu esenyukele ezulwini? Impendulo: amabili. 3. Ngemva kwezinsuku ezingaki lapho uJesu wenyukela kuYise ezulwini na? Impendulo: Izinsuku ezingama-40. 4. Ingabe ngobani abayothathwa kuqala ekubuyeni kukaKristu na? Impendulo: yilabo asebashona bekholwa kuNkulunkulu. 5. Yini okufanele siyenze ukuze singene eMbusweni kaNkulunkulu ngolunye usuku na? Impendulo: kumelwe ukuba sikholwe kuNkulunkulu futhi sithobele yonke imiyalo nezimfundiso zaKhe.

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen

Notes